



Mngane othandekayo,

Lolu uhumusho Iwekhasi Iwasekhaya Iwe www.maxfxx.net lihunyushelwa kolunye Iwezilimi ezisemqoka kakhulu kulo mhlaba. Ngeshwa, asikwazanga ukuthi sihumushe amanye amakhasi akulesi sizinda. Kodwa-ke, uma unemibuzo ethize eqondile, ungangabazi ukusithinta, thina sizobe sesizama indlela yokukutholela izimpendulo, kumbe sizame ukukuxhumanisa namanye amaqembu kanye nabantu abasesifundi sangakini abanentshisekelo ku Worldwork. Singathanda futhi ukukuvakashela nokuzokwelekelela nokuhlanganyela kumihihangano nezingqungquthela zangalapho uhlala ngakhona, uma kunokwenzeka ungakhokhi ngisho indibilishi.

Uyacelwa ukuba usithinte kanje:

Max Schupbach Ph.D.
2049 NW Hoyt Street Ste 3
Portland, OR, 97209
USA
voice/fax (1) - 503 210 0314
max@maxfxx.net

SIYAKUBINGELELA FUTHI SIKWEMUKELA KWAMAXFXX !

Igama lami ngingu**Max Schupbach**. Ngizinze ePortland, e-Oregon kwelase-United States. Ngisebenza njengomkhuthazi, nomuntu okuboniswa naye ngenxa yowlazi analo kanye nomelaphi emikhakheni ebanzi enhlobonhlobo. Umsebenzi wami wesekelwe ku**Worldwork** kanye naku**Processwork** okuluhlelonkambiso olwathuthukiswa ngu-**Amy beno-Arnold Mindell**. Lesi siza sibhekene nemisebenzi yami njengomuntu okuboniswa naye ngenxa yowlazi analo osebenza ngezinhangano, umkhuthazi wamaqembu kanye nomqequeshi kwezobuholi; kanye nasekuqondisiseni kwami kwe**Worldwork**. Uma ufisa ukwazi ngezinye izindima zomsebenzi wami, ngicela ukuthi uye ku-www.eminee.net, iwebsite yomlingani wami u-**Ellen** kanye nami. Igxile ku**Processwork** esiyenza ndawonye nomuntu ngamunye kanye nabantu abangababili.

Ngo-1999 ngasungula iMaxfxx Inc. Iluxhaxha olusebenza ngabalungiseleli kanye nezazi okusetshenziswana nazo ezingochwepheshe ezisemazweni angaphezu kwama-20 kuwo wonke amazwekazi, abaye bahlangane babe ngamaqembu uma kunomsebenzi othile owenziwayo. Umsebenzi wami wesekelwe ohlelweninkambiso IweWorldwork.

IWorldwork iluhlelo olusha lokucabanga kanye nokusebenza ohlelweni oluphelele lwempilo yenlangano kanye nempilo ngokubuthelwa ndawonye. Emongweni wayo kunendela entsha yokuxhuma ucwaningo ezifundweni zokukhona kanye nasekuhumushweni okusekusha kwaloko okutholakele kwezesayensi yezinto zemvelo. Imicabango ozohlangabezana nayo **embhalweni oyisethulo** ongezansi, enjengeNtando yeNingi eJulile, uNqenqema, ukuPhupha kwaseNhlanganweni, njll icwebezelisa ukukhanya okusha ekuboneni kwethu impilo yenlangano. IWorldwork ivumela umbono ovela ngokuhlanganyela, kanye nokucutshungulwa nokulungiselelwa kokuqhamukayo kanye nenguuko ngaphakathi kwamaqembu ezikalini ezahlukene eziyinhlobonhlobo, ukusuka ezintweni ezenziwa emhlabeni wonke kuye ezehlakalweni zendawo, kanye nokusuka esikhali siKawonkewonke kuyiwe ezinhlotsheni ezahlukahlkene zezinhlangano, kufaka phakathi amabhizinisi nemiphakathi.

Abakwa **Mindells** bathuthukisa iWorldwork, besizwa ukufunda okuqoqene ndawonye okungaphakathi **komphakathi weWorldwork** nami engiyingxene yawo. Nginentshisakalo ngezinhlangano kanye nangalokho okwenzekayo uma abantu besebenza ndawonye, futhi ngiyaluhlonipha ngibe nokuziqhenya ngohlelo engilusebenzisayo. Ngiyethemba ukuthi ngizokwazi ukwedlulisa kula maphepha hhayi amaphuzu okuqondiswa iWorldwork adingekayo wodwa, kepha ngedlulise kanye nokwesasa kwami ngohlelo lolu, loko engihlangabezane nako lapho ngilusebenzisa, kanye nemiphumela eyenza kwenzeke loko. IWorldwork ingungqaphambili!!

Kuthokozele ukuhamba kulesi siza. Uma kukhona lapho uphuthuma khona, bheda noma yiziphi izindawo ongaxhumana nazo ngezansi, bese uphinda ubuya ngesinye isikhathi ukuzothola okunye.

**INGUQUKO EZINHLANGANWENI, EMIPHAKATHINI, EMABHIZINISINI KANYE
NASESIKHALENI SIKAWONKEWEONKE – Umbhalo omakhasi ayi-12
omayelana nokubuka umumo wezinto, indlela elandelwayo kanye nomoya
wokubuka izinto ku-Worldwork**

Imifanekiso emincanyana emithathu emane yakhethwa yezibonelo ezibhekene nezimo ezithile

**INKAMPANI YASE-US/EYUROPHU YENABELA ECARIBBEAN – Ukusebenza
ngamaqembu kanye nokwehlukahlukana okujulile enkampanini yeGlobal
500**

UKUHLANGANYELA ISIKHALA SIKAWONKEWONKE EDOLOBHENI:
Umphakathi wezamabhizinisi, uHulumeni weDolobha, amaPhoyisa,
amaPunk kanye namanye amaqembu asemaceleni bayahlangana enkundleni evulekile eZurich, eSwitzerland.

**NGUBANI ONECALA – Ukuthuthukisa kwenhlangano ejele; ukusebenza
nqeGembu kulabo abavalelw, abasebenzi bezokuqondiswa kwezigwegwe,
kanye nokuphathwa kwejele.**

Indlela yeWorldwork isacwaningwa, iyenziwa futhi ifakelwa okusha ngokuthi kuhlanganiswe imizamo kanye nokuxoxisana kwamaqembu. La makhasi amele

ukuqondisisa kanye nokusebenzisa kwami iWorldwork. Ukuthola isithombe esithe xaxa sohlelo namakhono alo, ngikulayela emibhalweni, kanye nasezindaweni ongaxhumana nazo eziphawulwe kulesi siza.

Njengoba ubona, ikhasi lasekhaya kanye nemibhalo emine engenhla kuhunyushelwe ezilimini eziningi. Izilimi eziningi azikho ezihamushweni zethu. Siyaxolisa kuwe uma ngabe ulimi lwakho lumphakathi kwazo.

Siyakubonga ukulangazela kwakho futhi ube nosuku oluhle.

NguMax Schupbach